**English voice:**

Cambridge Assessment International Education

Cambridge IGCSE

November 2024 examination in isiZulu as a Second Language

Paper 2 Listening

Turn over now.

PAUSE 00’10’’

SIGNAL

**Male:** **Umsebenzi 1**

Lalela inkulumo eyethulwa nguMariya ongumsunguli.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi siliqiniso noma akusilo iqiniso.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

PAUSE 01’00’’

* SIGNAL

**Female:** Ngakhula ngikuthanda ukwakha izinto ngezandla zami. Kodwa uthando lokusungula izinto lwangicacela kahle sengineminyaka emihlanu mhla ngingena egalaji lapho ubaba wayevame ukusebenzela khona uma elungisa izinto. Ngangimlandela egalaji ngoba ngangifuna ukuchitha isikhathi naye wayengivumela. Ngangingazi ukuthi konke engangikwenza kuzogcina kutshale intshisekelo enkulu kimi.

Ubaba wayeyindoda enekhono elimangazayo. Ngiyajabula ukuthi akanqabanga ukuba nami ngibe khona egalaji lapho esebenza, yize umama wayecabanga ukuthi akuyona into elungile le. Ngiyacabanga ukuthi umama wayenovalo lokuthi kungenzeka ngilimale kodwa wagcina esengiyekile ukuba ngiqhubeke ngibe sendaweni eyayingijabulisa.

Ukubuka ubaba ethatha izinto ezifile ezihlakaza, azilungise abuye azihlanganise kwakuyisimangaliso kimi kodwa okwedlula lokho kwakuba ukumbona ecosha izicucu ezihlanganisa ukwakha izinto ezinhle nezimangazayo. Yilokhu okwangikhuthaza nami ngagcina sengizakhela izinto ezinjengamathoyizi ngokuhlanganisa konke engangikuthola khona lapho ngaleso sikhathi.

PAUSE 00’05’’

Kwathi noma sengifika esikoleni ngakuthola kulula ukusebenza endaweni yokusebenzela. Ngelinye ilanga, uthisha wethu wasinika umsebenzi wokuba sakhe into eyayizoxazulula inkinga ethize. Kwaba yingaleso sikhathi lapho kwangicacela ukuthi ekhaya ngangihleze ngizakhela izinto eziqondane nami. Ngaqala kanjalo ukuqaphela ukubaluleka kokusungula izinto ezazizoba lusizo ukuxazulula izinkinga abantu ababenazo.

© Cambridge University Press & Assessment 2024 

https://xtremepape.rs/

Ngonyaka odlule kube yintokozo ukwamukela umklomelo wokuba ngomunye wabasunguli abasebancane abavele lapha e-Afrika. Kodwa okwenza lowo mzuzu ube ngokhethekile kakhulu ukuthi ngangihamba nabazali bami kulo mcimbi. Ngabona indlela ubaba ayengibuka ngayo ukuthi uyaziqhenya ngami ngakho konke esengikwenzile njengomsunguli. Khona akuyona into elula nokho ukwenza lo msebenzi.

PAUSE 00’05’’

Engikufundile kulo mkhakha ukuthi kumele wazi ukuthi kwenzekani emhlabeni – uzame ukuthi ungaqhamuki nento esivele ikhona noma esisunguliwe ngoba lokhu kwenza kube nzima ukuthi umkhiqizo wakho ukwazi ukuwubhalisa ukuze usetshenziswe ngokusemthethweni. Kulukhuni ukwacwaninga ukuthi abanye benzani kodwa lokhu kubiza ukuthi uzame ukwazi eminye imikhiqhizo ekhona. **

**Male:** Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00’25’’

SIGNAL

**Male:** **Umsebenzi 2**

Lalela ingxoxo phakathi komsakazi wezinhlelo zomsakazo kanye noThami Bhengu – indoda ehlala namabhubesi.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni kwempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, u-A, u-B, u-C noma u-D.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

PAUSE 01’00

* SIGNAL

**Female:** Namuhla sivakashelwe nguThami Bhengu owaziwa kakhulu ku-*YouTube* njengendoda yaseNingizimu Afrika ehlala namabhubesi. Awusixoxele Thami ukuthi ukuthanda amabhubesi kwaqala nini futhi kanjani.

**Male:** Ubaba wami yena wayengayithandi impilo yasendle futhi wayengakaze asiyise ezindaweni lapho kunezilwane zasendle khona. Yingakho ngaya okokuqala ngqa esiqiwini sezindlovu ngesikhathi sengifunda isikole samabanga aphakeme. Kodwa, uthando lwamabhubesi lona lwaqala ngokubukela uhlelo olwaludlala kumabonakude olwalukhombisa indlela ayephila ngayo. Njengomuntu owayethanda izinja okwedlula amakati, ngangingazi ukuthi ngingagcina sengihlala namabhubesi ngelinye ilanga.

**Female:** Yebo, kuyezwakala. Ngicabanga ukuthi omunye wemibuzo sonke esifuna ukuzwa impendulo yawo ngukuthi ibhubesi lingaba yini ngumngane nomuntu.



https://xtremepape.rs/

**Male:** Izilwane eziningi zingaba abangane nabantu uma zijwayele ukuhlala nabo kusukela zisencane. Kodwa kumele ufunde ukuthi izilwane zidinga ukuphathwa ngenhlonipho futhi zenziwe ukuthi zizizwe ziphephile. Noma kunjalo, angisho ukuthi nami ngingahlala nanoma yimaphi amabhubesi. La mabhubesi engangihlala nawo ngiwazi esemancane kakhulu. Akhulele phambi kwami. Futhi, lokhu akusho ukuthi awakaze angiklwebhe. Ngikhuluma nje izingalo, amahlombe kanye nemilenze yami kuyimidwa yidwa. Okunye futhi, akusiyimi kuphela umuntu ohlala namabhubesi bakhona nabanye ongababona ku-*YouTube*.

PAUSE 00’05’’

**Female:** Awesabi nje ukuthi angakujikela wona lawa mabhubesi owaze esemancane?

**Male:** Cha, nakancane. Mhla ngaba novalo kuyomele ngizibuze ukuthi ngisenza umsebenzi ofanele na? Sinabantu abaningi emhlabeni abenza izinto ezinkulu ezaholela entuthukweni. Ngikholelwa wukuthi nabo abantu babecabanga ukuthi bayahlanya. Kunabantu abakholelwa ekutheni kukhona okungalungile ngami ngokwenza lokhu. Ngicabanga abaningi babo bazitshela ukuthi ngizoba ukudla kwamabhubesi ngelinye ilanga. Khona kuyiqiniso ukuthi isilwane esizingelayo njengebhubesi singamhlasela umuntu futhi singamluma kube kanye bese kuba ukuphela kwempilo yakhe. Kodwa ngeke ngiyeke engikuthandayo ngenxa yemicabango yabanye abantu.

**Female:** Manje awusitshele ukuthi uxhumana kanjani nalawa mabhubesi.

**Male:** Amabhubesi akhuluma ngemizimba yawo kakhulu bese kuthi imisindo ayenzayo ibe yingxenye encane yokukhuluma. Indlela anyakaza ngayo ukusukela ekhanda ukuya ezidladleni kuze kufike emsileni isho okukhulu. Ukukhuluma kwami akufani nokukhuluma engikwenza nawe njengamanje. Ngenza imisindo ethile uma ngisondela kuwo ukuze amabhubesi azi ukuthi yimi oqhamukayo. Ngale ndlela ayazi ukuthi abukho ubungozi futhi awadingi ukwesaba. Omunye umuntu angethuka uma ewabona engigxumela kodwa mina ngiyazi ukuthi kuyindlela yawo yokujabulela ukungibona.

PAUSE 00’05’’

**Female:** Usho ukuthi ukholelwa ngukuthi lo mhlambi wamabhubesi ukubona njengomunye wawo?

**Male:** Ukuziphatha kwawo kukhombisa ukuthi angithatha njengengxenye yawo. Nami ngizibona njengelunga lomhlambi wawo. Ngichitha isikhathi esiningi nawo futhi ngilala nawo emini ngaphansi kwezihlahla angangenzi lutho. Ayangilalela lapho ngiwakhuza. Ngicela ukuthi abalaleli baqikelele uma beseduzane namabhubesi ngisho noma kuyilawa afana noThango noThiyo imbala. **

PAUSE 00’05’’

**Male:** Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00’25’’

SIGNAL

© Cambridge University Press & Assessment 2024 

https://xtremepape.rs/

**Male:** **Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo phakathi kwentatheli kanye noMfanafuthi Banda ongumqeqeshi webhola lezinyawo osemncane.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

PAUSE 01’00’’

* SIGNAL

**Female:** UMfanafuthi Banda usezakhele igama ngokuba ngomunye wabaqeqeshi bebhola lezinyawo osemncane ngeminyaka, futhi usenqobe imiqhudelwano eminingi. Mfanafuthi, siyafisa ukwazi ukuthi wangena kanjani kulo mkhakha wokuba ngumqeqeshi?

**Male:** Ngangingazikhonzile kangako ezemidlalo ngesikhathi ngiseyingane. Ngangithanda kakhulu ukugijima, ukudlala imidlalo kanye nokwenza imidanso nabangane bami ngaphandle. Abazali bami bobabili babengabantu abalithandayo ibhola lezinyawo futhi belidlala, ngakho-ke ngalithola ngabo ithuba lokwazi ngalo mdlalo ngiseyingane. Ngokuhamba kwesikhathi, umqondo wami waguquka ngoba ngangijwayele ukuhamba nabo siye emincintiswaneni ehlukahlukene. Kwakungimangaza nokubona ukuthi ezemidlalo zikwazi ukuhlanganisa abantu.

**Female:** Wena waqala nini ukudlala ibhola lezinyawo?

**Male:** Esikoleni samabanga aphansi, umdlalo wehokhi, owebhola lombhoxo kanye nebhola lezinyawo kwakungeminye yemidlalo eyayithandwa kakhulu. Kodwa mina njengoba bese ngishilo kwangithatha isikhashana ukuzizwa senginomdlandla walo. Ngakho-ke akubanga ngaphambi kokuba ngibe sesikoleni samabanga aphakeme. Nakhona ngangingazi ukuthi ngiyogcina ngingumdlali weqembu elizomela isikole. Sasiqeqeshelwa amakhono ezemidlalo anobuchwepheshe; ukugenda ibhola okungenani amamitha angama-25 ube uqhudelana nabanye abadlali, umakane nabanye abadlali, nokushaya igoli noma usendaweni engamamitha angama-30.

**Female:** Manje wasuka kanjani ekubeni ngumdlali wagcina sewungumqeqeshi?

**Male:** Ngonyaka wami wokuqala eNyuvesi, kwakumele ngiziqeqeshe kakhulu futhi kwakukhathalisa kakhulu. Umphathi wezemidlalo wesikole sami wangishayela ucingo engicela ukuba ngizolekelela iqembu lama-U14. Kwakungathi ngiyaphupha. Yaqala kanjalo-ke impilo yokuqeqesha ukuze ngifike lapho esengikhona namuhla.

PAUSE 00’05’’

**Female:** Vele ujwayele ukusho ukuthi uyakuthanda ukuthinta izimpilo zabantu.

**Male:** Kunokuxhumana okukhona phakathi kokuqeqesha nokuthinta izimpilo zabantu. Kubandakanya ukuthi usebenzisana kanjani nabantu nokuthi uyisibonelo esinjani kubo. Ngaphezu kwalokho, awugcini nje ngokusebenzisana nabaphathi beqembu kanye nabadlali. Abalandeli nabo bayingxenye esemqoka okumele uyikhumbule kukho konke okwenzayo.

**Female:** Sekukaningi sibona abalandeli bekhombisa ukunganeliseki ngabaqeqeshi. Wenza kanjani ukuthi ubudlelwano bakho nabalandeli bube buhle?



https://xtremepape.rs/

**Male:** Umbuzo olukhuni impela lowo. Angazi ukuthi ikhona yini indlela yokuthi uhlale umuhle kubalandeli. Khumbula phela ukuthi imvamisa bakuthanda kakhulu ngoba iqembu liphumelela futhi uqala ngokudlalisa abadlali ababathandayo. Engikubongayo ukuthi abaphathi beqembu lami bayaqikelela ukuthi babubeke phambili ubudlelwano phakathi kwabo nabalandeli.

PAUSE 00'05''

**Female:** Manje ubhekana kanjani nalolu dumo osunalo? Wonke amaphephandaba afuna ukukhulumisana nawe ukuze abhale ngempilo yakho.

**Male:** Lokho akungixaki nakancane. Empeleni ngiyakujabulela ukuthi nabaqeqeshi bathola isikhathi sokwaziswa. Futhi kunikeza nabanye abanesifiso sokuba kuleli zinga nelingaphezulu ithemba.

**Female:** Yini elandelayo uma usuka la?

**Male:** Kuyiphupho lawo wonke umqeqeshi osezingeni engikulo ukuba ngomunye wabaqeqeshi beqembu elimele izwe labo. Abanye bafisa ngisho ukuba sezingeni lokuyoqeqesha emazweni aphesheya. Nokho okwamanje, engizimisele ngakho kakhulu ukubuyela emalokishini ukuze ngisize abadlali abasafufusa. Amanye amazwe ayakukhuthalela ukuthuthukisa abadlali kusukela besebancane. Imfihlo ilapho nje.

**Female:** Kuyacaca ukuthi awukacabangi ngokuba nomndeni.

**Male:** Ungikhumbuza umama ngalawo mazwi owashoyo. Evikini eledlule bengixoxela ugogo ukuthi ngisazimisele ngokukhula kulo mkhakha ngaphambi kokuqala umndeni. Lokhu akusho ukuthi angeke ngibe nomuntu empilweni yami. Ubaba uvamise ukuthi yonke into inesikhathi sayo. **

PAUSE 00'05''

**Male:** Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'25''

SIGNAL



https://xtremepape.rs/

**Male:** **Umsebenzi 4**

Uzozwa umfundi ekhuluma nowesifazane owaziqalela ibhizinisi lakhe lokubhaka amakhekhe. Lalela ingxoxo yabo bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi ngesiZulu.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

PAUSE 01’30’’

* SIGNAL

**Male:** Siyabonga ukuthi uze ekolishi lethu. Siyalangazelela ukuzwa kabanzi ngokuziqalela ibhizinisi. Yinto abanye bethu abafisa ukuyenza uma siqeda lapha.

**Female:** Ngiyabonga ngokungimemа.

**Male:** Kulungile. Sicela uqale ngokusitshela ukuthi yini eyakwenza ukuthi uziqalele ibhizinisi lakho.

**Female:** Mina nobaba siyakuthanda ukuphuza itiye elihamba nocezu lwekhekhe. Lokhu kwangenza ukuba ngigcine ngifundele ukubhaka – omakhelwane bagcina nabo sebengicela ukuba ngibabhakele, okwangipha isibindi sokuqala ibhizinisi lami. Abantu engangisebenza nabo babengikhuthaza uma bethi angeke baphinde bathenge ikhekhe esitolo.

**Male:** Ukuba nebhizinisi lakho kwakuyinto owawuvele unesifiso sayo?

**Female:** Impilo ayibi yilokhu okucabanga ngayo kwesinye isikhathi. Ngisasesikoleni nganginothando lokuba yintatheli. Ngangizimisele ukuyofundela lokho enyuvesi. Kodwa enyuvesi ngazithola ngifundela ukuba nguthisha wezomlando. Umsebenzi wothisha wawumnandi kodwa ihliziyo yami yashesha ukufuna ukwenza okunye okwehlukile.

PAUSE 00’05’’

**Male:** Waboleka imali ebhange ngesikhathi uqala ibhizinisi lakho?

**Female:** Yebo, ngaboleka imali eyayizokwenezelela kuleyo engangizibekele yona. Ngangingathembi ukuthi ibhange lizongivumela ngemali ngoba ngangimncane ngingakafiki naseminyakeni engamashumi amabili nantathu. Kodwa, bathi uma bebuka uhlelo lwami lwebhizinisi bangiphendula ngezindaba ezimnandi ngaphandle kokungabaza – kumele ngibonge udadewethu owangisiza ngokubhala lolo hlelo.

**Male:** Wawujabule ngesikhathi uqala?

**Female:** Kunjalo, kodwa zazikhona izinkinga. Indawo engangiyiqashile ukuze ngisebenzele kuyona ayibanga yilokhu engangikucabangile, ngakho-ke angiyiqedanga nenyanga yokuqala khona. Lokhu kwenza ukuthi kuthathe isikhathi eside. Lapho ibhange laliyidinga inkokhelo yemali yalo ekupheleni kwenyanga. Ukuqala phansi ngilungise indawo engayithola yikona okwaba lukhuni kakhulu.

**Male:** Zisekhona izinkinga osenazo zebhizinisi?



https://xtremepape.rs/

**Female:** Izinkinga azipheli ebhizinisini, kodwa ngokuhamba kwesikhathi ugcina usufunde izindlela zokuzixazulula. Mina angisasho nokuthi yizinkinga ngoba ziyangiqinisa. Ziphinde futhi zingisize ukucabanga ngazo ngendlela ehlukile okuphinde kunginikeze namathuba okukhulisa ibhizinisi. Inselele enkulu engike ngibhekane nayo amakhasimende afaka ama-oda bese eshintsha umqondo. Kwesinye isikhathi ngiyakwazi ukuphindisela izithako emuva kodwa hhayi ngaso sonke isikhathi.

**Male:** Yini oyithokozela kakhulu ngebhizinisi lakho?

**Female:** Kumnandi ukubona ibhizinisi lakho likhula. Okwedlula lokho ukubona amakhasimende akho ejabulela umkhiqizo wakho kunikeza umuzwa omnandi.

PAUSE 00’05’’

**Male:** Athini amaphupho akho ngaleli bhizinisi?

**Female:** Ngelinye ilanga ngizibona ngivula ezinye izitolo emadolobheni angomakhelwane. Nokho nginalo uvalo lokuthi uma ngiza ngamawala kungenzeka lokhu kulilimaze ibhizinisi. Ngakho akuyona into engizoyenza manje. Ozakwethu bona bavamise ukuncokola ngokuthi kumele sibhake nezinkwa manje.

**Male:** Kuningi okuhle okubhalwe ngawe nangempumelelo yakho emaphephabhukwini. Yini ongathi yakusiza ukuze ufike lapho ukhona manje?

**Female:** Nginenhlanhla yokusebenzisana nabantu abawuthandayo umsebenzi. Sisebenzisana ngokukhulu ukubambisana nozakwethu. Kodwa into edlale indima enkulu ukuba ngibe kuleli zinga ukuthi noma kwenzekani ngizikhumbuze inhloso yami ngaleli bhizinisi. Ngakho-ke izivunguvungu ngizinqobe kanjalo.

**Male:** Siyabonga ngesikhathi sakho. Nginombuzo wokugcina ngci. Ungameluleka uthini umuntu ofisa ukuqala elakhe ibhizinisi?

**Female:** Kuningi engingakusho njengokubaluleka kokuba nemali yokuqala ibhizinisi, ukubhala uhlelo lwebhizinisi nokwenza isiqinisekiso sokuthi unendawo efanele uhlobo lo msebenzi owenzayo. Kodwa okukhulu kakhulu – noma ungaba nabo abantu abakusebenzelayo, kumele uzimisele ukusebenza kanzima. **

**Male:** Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00’25’’

SIGNAL

**Male:** Kuphela lapha ukuhlolwa.

**English voice:**

This is the end of the examination.



https://xtremepape.rs/

